Isifundo 13

** 19–25 Nhlangula*

Impilo Yesivumelwano Esisha

ISABATHA NTAMBAMA

Funda Kuleliviki:

1 Johane 1:4; Johane 5:24; Rom. 3:24, 25; 2 Kor. 5:21; 1 Johane 4:16; Samb. 2:11; Samb. 20:6, 14; Samb. 21:8.

Indimana Yekhanda:

“ ‘Mina ngize ukuba babe nokuphila, futhi babe nakho kuchichime’ ” *(Johane 10:10)*.

Lekota besifunda ngesivumelwano, Okungukuthi (uma siyibeka ngendlela elula) nguNkulunkulu ethi, Ngizonisindisa ngalendlela esonweni. Nakuba umphumela, uvuthondaba lwesithembiso sesivumelwano nembala kungukuphila okuphakade emhlabeni odalwe kabusha, akudingekile ukuba silinde lokho anduba sithokozele izibusiso zesivumelwano namuhla. UJehovah uyanaka ngezimpilo zethu manje. Isivumelwano akusona nje into kuyo owenza lokhu nalokho bese, esikhathini eside, uthola umklomelo wakho. Imiklomelo, izipho—yizibusiso okuthi labo ngokholo abangena ebudlelwaneni besivumelwano bazithokozele lapha njengamanje. Isifundo saleliviki, esokugcina kuchungechunge lwethu lwesivumelwano, sibuka ezinye zalezi zibusiso zamanje, ezinye zezithembiso eziqhamuka emuseni kaNkulunkulu zafakawa ezinhliziyweni zethu ngoba, sesimzwile Yena engqongqoza, siwuvulile umnyango. Nembala, ziningi ezinye izibusiso esingazithinta kuleliviki. Kodwa kuyisiqalo nje, isiqalo sokuthile, nembala, okungeke kwaphela.

Ukubuka Iviki: Kungani kumele sizwe injabulo na? Kuphezu kwasiphi isisekelo singabanga lesisithembiso na? Yini emayelana nesivumelwano okumele isikhulule emthwalweni wecala na? Kuchaza ukuthini ukuba nenhliziyo entsha na?

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, Nhlangula 26.*

Intokozo

“Sesiyanilobela lokhu, ukuze intokozo yenu iphelele” (1 John 1:4). Buka lokhu uJohane akulobe lapha. Ngamazwi ambalwa alula, wethula lokho okumele kube ngenye yezinzuzo ezinkulu thina, njengabantu besivumelwano, esinazo—isithembiso sentokozo. NjengamaKristu, sivamile ukutshelwa ukuba singahambi ngemizwa, ukuthi ukholo aluyona umuzwa, nokuthi kumele sedlulele ngale kwemizwa yethu. Konke lokhu kuyiqiniso. Kodwa Kusenjalo, besingeke sibe ngabantu uma besingezona izidalwa zemizwa. Asikwazi ukuyiphika imizwa yethu; esidinga ukukwenza ngukuyiqonda, siyinikeze indawo efanele, futhi kangangokuba sinako, siyigcine siyilawulile. Kodwa ukuyiphika imizwa kungukuphika ukuba ngumuntu (singamane sitshele indilinga ukuba ingabi yisiyingi). Nembala, njengalokhu indimana isho, akudingekile nje ukuba nemizwa (kulokhu intokozo), kodwa kumele sibe nayo ngokugcwele. Akuzwakali sengathi imizwa iyaphikiswa, akunjalo na?

Funda ingqikithi yendimana engenhla, ukusukela ekuqaleni kwisahluko. Yini uJohane ayeyibhalela AmaKristu okuqala ayenethemba lokuthi kuzokwenza intokozo yawo igcwale na? Kungani kumele kubanikeze intokozo na?

UJohane wayengomunye wabaYishumi Nambili bokuqala. Wayekhona, cishe kusukela ekuqaleni komsebenzi kaKristu weminyaka emithathu nesigamu, engufakazi wezinye zezinto ezimangalisayo zikaJesu (wayekhona Esiphambanweni, e-Gethsemane, kanye nasekuGuqulweni, ngokunjalo). Ngalokho, njengofakazi, ngokuqinisekile wayefaneleke kakhulu ukukhuluma ngalesisihloko. Kepha, Qaphela futhi, ukuthi akagcizeleli ngaye, ubhekisa kulokhu uJesu ayekwenzele abafundi ukuze babe nobudlelwane hhayi kuphela bebodwa kepha noNkulunkulu Uqobo. UJesu usiphendlele indlela yokuthi thina singene ebudlelwaneni obusondelene noJehovah; futhi, omunye umphumela walobu budlelwane—yintokozo. UJohane ufuna bazi ukuthi lokho abakuzwile ngoJesu kuyiqiniso (wambona, wamthinta, wamuzwa, futhi wamlalela Yena), futhi ngalokho nabo, futhi, bangangena entokozweni yobudlelwane noBaba wabo osezulwini obathandayo futhi wazinikela ngeNdodana Yakhe ngabo.

Ngomqondo othile, uJohane unikeza ubufakazi ngaye. Buyini obakho ubufakazi mayelana nobudlelwane bakho noJesu na? Ubungathini ukusiza ukwandise intokozo yothile kuJehova, njengalokhu uJohane afuna ukukwenza lapha na?

Ukungabi Nacala

“Kanjalo akusekho ukulahlwa kwabakuKristu Jesu, abangahambi ngokwenyama, kepha ngokukaMoya” (Rom. 8:1).

Owesifazane osemncane wayebulawe ngesihluku, umbulali engaziwa. Amaphoyisa, ecupha umgoga, abeka i-microphone ethuneni lakhe. Ngobunye ubusuku, emuva kwezinyanga eziningi efile, insizwa yaya ethuneni, iguqa ikhala, yancenga Intethelelo kowesifazane. Amaphoyisa, nembala, elalele amazwi ayo, ayibophela lobobugebengu. Yini eyasa lendoda ethuneni na? Kwakuyicala, yikuphi okunye na? Nembala, nakuba kungeko kithi (siyethemba) oseke wenza okubi ngalendlela yalensizwa. Sonke sinecala, sonke sizenzile izinto esinamahloni ngazo, izinto esifisa nga asizenzanga. Sibonga uJesu negazi lesivumelwano esisha, akekho kithi okumele aphile phansi kwesihlamba secala. Ngokwendimana yanamuhla, akusekho ukulahlwa ngakithina. Umahluleli wokugcina akasibali njengabanecala, usibala njengabangakaze benze izinto ezibenza bazizwe benecala.

Lezizindimana zisiza kanjani ukuba siqonde abaseRoma 8:1 na? Johane 5:24; Rom. 3:24, 25; 2 Kor. 5:21.

Esinye sezithembiso ezinkulu kwisivumelwano sobudlelwane noJehovah ngesokuthi akusadingekile ukuba siphile ngaphansi komthwalo wecala. Ngenxa yegazi lesivumelwano, thina—esikhetha ukungena kulesisivumelwano noNkulunkulu, sikhetha ukuhlala ngemibandela yokholo, ukuphenduka, ukulalela—singasuswa Umthwalo wecala. Lapho uSathane efuna ukunyenyeza kithi ukuthi sibabi ukuthi asilungile, ukuthi siyizoni kangangokuba ngeke samukeleke kuNkunkulu, singenza lokho uJesu akwenza ngenkathi uSathane emlinga ehlane: singaphinda Izibhalo, futhi okuyiyona ndimana enhle kunazo zonke ngabaseRoma 8:1. Lokhu akusho ukuphika ubukhona besono ezimpilweni zethu; kusho, kunalokho, ukuthi ngenxa yesivumelwano sobudlelwane esinaso noJehovah, asisaphili ngaphansi kokulahlwa kwesono. UJesu wayikhokha inhlawulo yethu, futhi manje umi ebukhoneni bukaBaba esinxusela ngegazi Lakhe, ethula ukulunga Kwakhe endaweni yezono zethu .

Kwenza mehluko muni ezimpilweni zethu ukuthi uJehovah uzithethelele noma yiziphi izono oke wazenza na? Leliqiniso likusiza kanjani ekubhekaneni nabanye abakonile na? Kumele iyithinte kanjani indlela obhekana nayo nalababantu na?

Isivumelwano Esisha Nenhliziyo Entsha

"Ukuba uKristu ahlale ezinhliziyweni zenu ngokukholwa, ukuze nigxile, nisekelwe othandweni, nibe namandla okuqonda kanye nabangcwele bonke okungububanzi, nobude, nokuphakama, nokujula, nokulwazi uthando lukaKristu oludlula ukwazi konke, ukuze nigcwaliswe kube ngukugcwala konke kukaNkulunkulu" (Efes. 3:17–19). Njengalokhu izifundo ezingaphambili zivezile, isivumelwano esisha yileso kuso uJehovah afaka umthetho ezinhliziyweni zethu (Jer. 31:31-33). Umthetho awuko nje lapho kuphela, kodwa ngokwezibhalo zanamuhla, noKristu ukhona, ngokunjalo, okwenza umqondo omuhle, ngokuba uKristu kanye nomthetho Wakhe baxhumene kakhulu. Ngalokho, ngomthetho kaKristu ezinhliziyweni zethu, kanye noKristu Ehlezi khona futhi (ngokwesiGriki okuchaza umqondo wokuhlala ingunaphakade), sifinyelela kwenye yezinzuzo ezinkulu zesivumelwano—inhliziyo entsha.

Kungani sidinga inhliziyo entsha na? Yiziphi izinguquko ezizobonakala kulabo abanenhliziyo entsha na?

Funda futhi indimana yanamuhla. Qaphela indlela uPawule agcizelela ngayo isithako sothando, ethi kumele "sigxile futhi sizinze" kulo. Lamazwi agudla ukuzinza, ukuqinisa, kanye nengunaphakade esisekelweni sothando. Ukholo lwethu luyize uma lungagxilile Ekuthandeni uNkulunkulu, kanye nokuthanda abanye (Mat. 22:37-39, 1 Korinte 13). Loluthando aluzi kokungekho. Kunalokho, luza ngoba sithola ukubona uthando lukaNkulunkulu ngathi (uthando "olwedlula ukuqonda") njengalokhu lubonakala ngoJesu. Ngenxa yalokho, izimpilo zethu ziyaguquka, izinhliziyo zethu ziyaguquka, futhi siba ngabantu abasha abanemicabango emisha, izifiso ezintsha, kanye nemigomo emisha. Yindlela esiphendula ngayo uthando lukaNkulunkulu kithi Eguqula izinhliziyo zethu futhi ifake uthando lwabanye. Mhlawumbe yilokhu uPawule akuchazayo, uma ekhuluma ngathi sigcwaliswe "ngukuphelela kukaNkulunkulu."

Funda u-1 Johane 5:16. Lendimana ihambisana kanjani nalokho uPawule akubhale kwabaseEfesu 3:17–19 na?

Buka izindimana esizifunde namuhla. Yini ongayenza engavumela izithembiso zalemibhalo ukuba zigcwaliseke kuwe na? Ngabe zikhona izinto okumele uziguqule, izinto Okungase zibe ziyakuvimbela ekubeni namava "okuphelela kukaNkulunkulu" (Eph. 3:19) na? Yenza uhla lwezinguquko okumele uzenze empilweni yakho. Zenzele wena uhla futhi, uma kukuhle kuwe, yenza uhla ongakwazi ukwabelana nalo neklasi. Singasizana kanjani ukwenza izinguquko ezidingekayo na?

Isivumelwano Esisha Nokuphila Okuphakade

" 'Mina ngingukuvuka nokuphila; okholwa yimi, noma efa, wophila, Nalowo ophila, akholwe yimi, kasoze afa naphakade.' " (John 11:25, 26, NASB).

Kunezigaba ezimbili ekuphileni okuphakade. Isigaba samanje siletha kokholwayo amava empilo echichimayo manje (Johane 10:10), okufaka izithembiso eziningi esizinikeziwe empilweni yethu njengamanje. Isigaba sekusasa, nembala, ngukuphila okuphakade—isithembiso sovuko lomzimba (Johane 5:28, 29; Johane 6:39). Nakuba kusephambili, yisona sigameko esenza konke okunye kusho utho, isigameko esiyisicoco sawo onke amathemba amaKristu.

Funda indimana yanamuhla. Uthini uJesu lapha na? Kutholakala kuphi ukuphila okuphakade na? Siwaqonda kanjani amazwi Akhe okuthi labo abaphilayo futhi bekholwa Kuye, nakuba befa, ngeke bafe na? (buka Samb. 2:11; Samb. 20:6, 14; Samb. 21:8.)

Nembala, sonke siyafa, kodwa ngokukaJesu, lokhu kufa kungukulala nje, isimo sesikhashana okuyothi—kulabo abakholwa Kuye—kugcine ngokuvukela ekuphileni. Lapho uKristu ebuya, abafele kuKristu bayovuka bengasayikufa, kuthi abalandeli abaphilayo bakaKristu, ngokuphazima kweso, baguqulelwe ekungafini. Abafileyo nabaphilayo abakuKristu bazoba nomzimba ofanayo wovuko. Ukungafi kuqala ngalesosikhathi kubantu bakaNkulunkulu.

Kuyintokozo enkulu ukwazi ukuthi Isiphetho sethu Asikho ethuneni kodwa ukuthi Asikho Isiphetho, nokuthi siyoba nempilo entsha yangunaphakade. "UKristu waba munye nathi ngokwenyama, ukuze sikwazi ukuba munye Naye ngokoMoya. Kungenxa yalobubunye sikwazi Ukuphuma ethuneni,--hhayi nje njengesibonakaliso samandla kaKristu, kepha ngoba, ngokholo, impilo Yakhe iba ngeyethu. Labo ababona uKristu njengoba enjalo, futhi bamamukele Yena enhliziyweni, banokuphila okuphakade. KungoMoya uKristu ehlala kithina; futhi uMoya kaNkulunkulu, amukelwe enhliziyweni ngokholo, ngukuqala kokuphila okuphakade."—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, p. 388.

Kungaziphi izindlela manje esingathokozela inzuzo yokuphila okuphakade na? Ngamanye amazwi, lezizithembiso zisenzelani thina manje na? Bhala phansi ezinye zezinzuzo lesisithembiso sokuphila okuphakade esikunikeza zona wena, uqobo, empilweni yakho yansuku zonke. Ubungalithatha kanjani lelithemba nesithembiso wabelane ngalo nothile osenkingeni, mhlawumbe yokufa kothandiwe wakhe na?

Isivumelwano Esisha NokuThunywa

"'Ngalokho hambani nenze izizwe zonke abafundi, nibabhapathize egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele, nibafundise ukugcina konke enginiyale ngakho; bhekani, mina nginani izinsuku zonke kuze kube sekupheleni kwezwe' " (Mat. 28:19, 20).

Emhlabeni wonke jikelele, abantu bavama ukuba nenkinga ngalokho Umbhali wase-South Africa u-Laurens Van Der Post akubiza "ngomthwalo weze." Abantu bazithola benesipho sokuphila, kepha bengazi ukuthi yini okumele bakwenze ngaso, bengayazi inhloso yalesisipho, futhi bengazi ukuthi kumele basisebenzise kanjani. Kufana nokunikeza othile i-library egcwele izingcwadi ezingavamile, ukuba nje lowomuntu angazifundi izincwadi kodwa abase ngazo imililo. Yeka ukumosha into eyigugu!

KumKristu wesivumelwano esisha, nokho, leyonkinga akuyona okumele silwisane nayo. Kunalokho, labo abazi (futhi benamava ngokwabo) izindaba ezimangalisayo zoMsindisi obethelwe futhi wavuka, owafela izono zawo wonke umuntu yonke indawo ukuze babe nokuphila okuphakade, bayayazi intokozo. Ngokubuka okungangabazi ubizo kuMathewu 28:19, 20, ikholwa ngokuqinisekile linomsebenzi kanye nenhloso empilweni, futhi leyo ngeyokuhambisa emhlabeni iqiniso elimangalisayo lokuthi yena unamava kuKristu Jesu. Ithuba elingaka! Konke okunye esikwenzayo kulomhlaba kuyophela ngenkathi kuphela lomhlaba. Kodwa ukuhambisa ivangeli kwabanye ngumsebenzi oyokwenza umaka ephakadeni. Khuluma ngomuzwa wokuthunywa nenhloso!

Hlaziya izindimana zanamuhla ngokuphelele. Yiziphi izinto eziqondile uJesu asitshela ukuba sizenze, futhi yini ekuzo ngazinye na? Yisiphi isithembiso esinaso okumele sisinike ukholo kanye nesibindi sokwenza lokho uKrsitu akuyalezayo na?

NjengamaKristu esivumelwano esisha, sinikezwe igunya elisobala nguJehovah ngoKwakhe. Esiyiko, noma ngabe senzani empilweni, noma sifinyelela kuphi, sonke singadlala indima. Kukhona obukwenza na? Ungenza okwengeziwe na? Yini eningayenza njengeklasi, ndawonye, ukuba nendima ebanzi kulomsebenzi na?

Umcabango Obanzi:

Funda u-Ellen G. White, "God's People Delivered," pp. 635–645, in The Great Controversy; "Rejoicing in the Lord," pp. 115–126, in *Steps to Christ*. "Indodana engcwele kaNkulunkulu yayingenazo izono noma usizi Lwakhe ukuba aluthwale: wayethwele usizi lwabanye; ngokuba phezu kwakhe kwabekwa ububi bethu bonke. Ngozwelo lobunkulunkulu uxhumana nathi, futhi njengommeli wesizwe uzinikela ukuba aphathwe njengesoni. Ubuka ekujuleni kosizi okwavulwa yizono zethu, futhi azimisele ukuxhuma umsansa wokwehlukana kumuntu noNkulunkulu."—Ellen G. White, *Bible Echo and Signs of the Times,* Aug. 1, 1892. "Woza, mfowethu, woza njengoba unjalo, unesono futhi ungcolile. Beka Umthwalo wecala kuJesu, futhi ngokholo ufune ukufaneleka Kwakhe. Woza manje, umusa usekhona; woza uzovuma, woza nokuphenduka komphefumulo, noNkulunkulu uzokuthethelela ngokuphelele. Ungalinge ulidelele elinye ithuba. Lalela izwi lesihawu okumanje likuncenga ukuba uphakame kwabafileyo ukuze uKristu akunikeze ukukhanya. Lonke ithuba elibonakala manje likuhlanganisa neziphetho zezwe elingabonwayo. Musa ke ukuvumela ukuzidla kwakho ngokungakholwa kukuholele ekunqabeni isipho somusa. Uma ukwenza lokho uzosala ulila ekugcineni: 'Isivuno sidlulile, ihlobo liphelile, futhi asisindiswanga.' "—Ellen G. White, *Testimonies for the Church*, vol. 5, p. 353.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. "Sizibona thina ngokuhlobene nezwe lonke'" kubhala u-Francisco Jose Moreno, "futhi siyazi ukuthi asazi nokuthi asinamandla; Yingakho singazethembi. Ngalokho, siyesaba."—Between Faith and Reason: Basic Fear and the Human Condition (New York: Harper & Row, Publishers, 1977), p. 7. Qhathanisa lesisisho kanye nalokho okufundile kuleliviki kwabaseEfesu 3:17-19. Xoxani ngomehluko phakathi kwalemizwa yomibili.

2. UNkulunkulu usithembisa intokozo njengabakholwa kuJesu. Ngabe intokozo iyafana nenjabulo na? Ngabe kufanele sijabule njalo na? Uma kungafanele, ngabe kukhona okungalungile ngamava ethu obuKristu na? Impilo kaJesu ingembulani engasisiza ukuba siqonde izimpendulo zalemibuzo na?

3. Xoxani kabanzi ngomqondo wokugcwaliswa nguku "phelela kukaNkulunkulu" (Efes. 3:19). Kuchaza ukuthini lokho na? Singaba kanjani nalamava ezimpilweni zethu na?

Isiqoqo: Isivumelwano asiwona nje umqondo ojulile wemfundispo; kunalokho, sichaza imikhawulo yobudlelwane bethu noKristu obusindisayo, Ubudlelwane obuvuna inzuzo emangalisayo manje nasekubuyeni Kwakhe.